**ISIQEPHU A: INDABA**

**UMBUZO 1**

**QAPHELA:**

- Ngaso sonke isikhathi sebenzisa irubhrikhi uma umaka umbhalo wokuziqambela (Iphepha lesi-3, ISIQEPHU A).
- Amamaki ukusuka ku: 0–50 ahlukaniswe ngokwamazinga amahlanu ngokwezinkomba.
- Okubonwa ngakho okuqukethwe, ulimi kanye nesitayela, inkomba ngayinye kumazinga amahlanu ihlukaniswe amazinga amabili kuye ngokwabiwa kwamamaki. Kunezinga eliphezulu kanye neliphansi.
- Isakhiwo sona asithinteki ekuhlukaniseni ngokwamazinga. Alikho izinga eliphezulu noma eliphansi.

**IRUBHRIKHI YOKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50]**

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE KANYE NAMALUNGISELELO**<br><br>(Izimpendulo kanye nemibono)<br>Ukuhlela imibono uyihlelela amalungiselelo, ukuqonda inhloso, izethameli kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI ANGAMA-30** | **INGXENYE ENGENHLA** | **28–30**<br>-Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Imibono ekhaliphile, echukuluza ingqondo kanye nekhombisa ukuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke ngobunyoninco kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | **22–24**<br>-Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono eshaya emhlolweni nehlabahlosile enokuvuthwa komqondo<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | **16–18**<br>-Impendulo eyanelisayo<br>-Imibono inakho ukulandelana nokushaya emhlolweni<br>-Ihleleke ngokusendimeni kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | **10–12**<br>-Impendulo ikhombisa ukungahlangani<br>-Imibono engacacile nekungeyona eyokuzisungulela<br>-Kukhona okukhombisa ukuhlela okuncane kanye nokulandelana kwemibono | **4–6**<br>-Impendulo enhlanhlathayo<br>-Imibono edidayo nenganembi<br>-Akuzwakali kunophindaphinda<br>-Akukho ukuhlela kanye nokulandelana kwemibono |

| | 25–27 | 19–21 | 13–15 | 7–9 | 0–3 |
|---|---|---|---|---|---|
| **INGXENYE ENGEZANSI** | -Impendulo yinhle kakhulu kepha intula izimpawu ze-eseyi enembayo<br>-Imibono ekhombisa ukuvuthwa komqondo kanye nokukhalipha<br>-Ikhombisa ikhono lokuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo yakheke kahle<br>-Imibono ehambisanayo nendaba nehlabahlosile<br>-Ihleleke kahle kakhulu kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo eyanelisayo kodwa intula ukucacisa<br>-Imibono iyalandelana ngokusendimeni futhi iyamukeleka<br>-Kukhona okukhomba ukuhlela kanye nokulandelana (nokuxhumana) kubandakanya isingeniso, umzimba kanye nesiphetho | -Impendulo engashayi emhlolweni<br>-Imibono ithanda ukuba nhlakanhlaka futhi iyadida<br>-Ukuhlela kanye nokulandelana akukho | -Ayikho imizamo ekhombisa ukuphendula ngesihloko<br>-Akuhambisani nesihloko futhi akufanelene<br>-Akuqondene nesihloko futhi kuphithene |

## IRUBHRIKHI YOKUHLOLA I-ESEYI ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-50] (ayaqhubeka)

| Okungabonwa ngakho | | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|---|
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA**<br><br>Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama ayahambisana nenhloso/umthelela kanye nesimo<br>Ukukhethwa kwamagama, ukusetshenziswa kolimi, izimpawu zokuloba, uhlelo, isipelingi<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | **INGXENYE ENGENHLA** | **14–15**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Ithoni ekhomba ukuphoqa kanye namasu obuciko obunembayo<br>-Akunamaphutha sanhlobo ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba | **11–12**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulimi lufanelekile kanye nokusetshenziswa kwethoni ngendlela efanelekile<br>-Kukhombisa ukungabi namaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle kakhulu | **8–9**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo<br>-Ithoni ifanelekile<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ukukhulisa okuqukethwe | **5–6**<br>-Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana ngokungagculisi nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ukusetshenziswa kolimi ukudlulisa umqondo akugculisi<br>-Ithoni nephimbo akugculisi<br>-Kusetshenziswe amasu obuciko ngokungagculisi ukukhulisa okuqukethwe | **0-3**<br>-Ulimi aluqondakali<br>-Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama aluhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Ulwazimagama luncane kakhulu okwenza kube lukhuni ukuqonda |
| | **INGXENYE ENGENZANSI** | **13**<br>-Ulimi lukhombisa ukuzethemba, luyancomeka kakhulu<br>-Akunamaphutha ohlelweni kanye nesipelingi<br>-Ikhombise ikhono eliphezulu lokubumba | **10**<br>-Ulimi luyahambisana futhi lufanelekile<br>-Ithoni iyahambisna futhi ifanelekile<br>-Kunamaphutha ambalwa ohlelo kanye nesipelingi<br>-Ibumbeke kahle | **7**<br>-Ukusetshenziswa kolimi okusendimeni nokungahlangani okumbalwa<br>-Ithoni ifanelekile kanye nokusetshenziswa kwamasu obuciko okunomkhawulo | **4**<br>-Ukusetshenziswa kolimi okungekho endimeni<br>-Imisho enhlobonhlobo imbalwa noma ayikho<br>-Ulwazimagama olunomkhawulo | |
| **ISAKHIWO**<br><br>Izimpawu zethekisthi, ukuthuthuka kwezigaba kanye nokwakhiwa kwemisho<br><br>**AMAMAKI AYISI-5** | | **5**<br>-Ukuthuthuka kwesihloko okunembayo<br>-Ukucacisa okunembayo<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle kakhulu | **4**<br>-Ukuthuthuka nokugeleza kwendaba<br>-Ukulandelana<br>-Imisho, izigaba kuyalandelana futhi kuxubile | **3**<br>-Ukuthuthuka kwendaba okulindelekile<br>-Imisho, izigaba kwakheke kahle<br>-I-eseyi isenawo umqondo | **2**<br>-Amaphuzu ambalwa azwakalayo<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi isenawo umqondo noma inamaphutha | **0–1**<br>-Amaphuzu awatholakali<br>-Imisho kanye nezigaba kunamaphutha<br>-I-eseyi ayinamqondo |

**Amakhodi angasetshenziswa uma kumakwa**
SP – (dwebela)-isipelingi esingamukelekile.
PND- Ukuphindaphinda
PH – uphawu lokubhala olungemukelekile.
L – (dwebela)- ulimi olungemukelekile.
// – khombisa isigaba esisha.
NK – inkathi engemukelekile.
AP – i-aphostilofi engemukelekile.
GL – amagama awalandelani ngokufanele.
R – irejista.
KM – akwenzi mqondo.
ISIV. – isivumelwano esingavumelani.
AK – akudingekile.
^ – kunegama elingekho.
GN – igama elingcono.
NQ- nqamula amagama ngendlela efanekelekile ekugcineni komugqa.
/ – ukwehlukanisa amagama
⌣ – ukuhlanganisa amagama
√ – ulimi oluhle

**AMAKHODI AMAMAKI**

| | |
|---|---|
| Q | = 30 |
| L | = 15 |
| SK | = 05 |
| | **50** |

**OKULINDELEKILE MAYELANA NESAKHIWO SEMIBHALO (ISIQEPHU A)**

- Isingeniso: Siyaheha, sinamandla, siyisigaba esisodwa, singenisa indikimba, sinobude obemukelekile.
- Umzimba:
  (i) Izigaba zinemiqondo ezwakalayo nenikezelanayo.
  (ii) Zihleleke kahle: Isigaba siqala ngomusho bese siba nemisho esekelayo. Masibe nomqondo ophelele.
  (iii) Umbhalo nombhalo uhambelana nenkathi okumele ubhalwe ngayo.
- Isiphetho:
  (i) Siyisigaba esisodwa.
  (ii) Makuvele ukuthi umbhalo usuyagoqwa noma uyasongwa.
  (iii) Selungavela uvo lombhali ngalokho abhala ngakho okungaba ukuxwayisa/ukweluleka/ukuxolisa.

**OKULINDELEKILE MAYELANA NEZIHLOKO ZEZINDABA (ISIQEPHU A)**

1.1 Ohlolwayo makakhombise ukuthi uyasiqonda isaga ukuthi sisho ukuthini. Incazelo yesaga: Nxa kuxabana umndeni yimela eceleni. Bazobuye bathelelane amanzi bese bephendukela wena. [50]

1.2 Ohlolwayo makaveze ukuthi kubalulekile ukuba azi izinhlobo zezifo ezingalapheki. Ohlolwayo kumele achaze ukuthi umuntu angaphila kanjani naleso sifo ngasinye esingalapheki. [50]

1.3 Ohlolwayo makabonakale ethinta izinhlangothi zombili ngokulinganayo: (Ubuhle nobubi) bese kuthi ekugcineni akhethe uhlangothi ahambisana nalo.
Ubuhle: Ukukhombisa ukumhlonipha lowo muntu osuke esedlulile emhlabeni uma ukholelwa kukhona. Ukukhombisa ukuthi ubumthanda kanganani.
Ububi: Ukuzila kuyabandlulula ezimweni ezahlukene. Kungakwenza isisulu sezinswelaboya. Kungalokhu kukukhumbuza othandiweyo wakho bese ungasheshi ukukhohlwa. Abanye abantu bayayisebenzisa ukuthakathana ngayo. [50]

1.4 Ohlolwayo makube uyalazi ikhono azokhuluma ngalo. Ohlolwayo akaveze ukuthi walithuthukisa kanjani lelo khono ukuze ligcine selimenze waba yimpunyela. [50]

1.5 Ohlolwayo kumele athathe uhlangothi zisuka nje. Avumelane noma aphikisane nesihloko. Uma evumelana nesihloko akaveze ubuhle obulethwa ukudlala umculo wakuleli emsakazweni womphakathi isib. Umculo wakuleli ungadayiseka kalula ngoba abantu bazohlala bewulalela emsakazweni. Kanti uma ephikisana nesihloko kumele aveze ububi obulethwa ukudlala u-90% womculo emsakazweni womphakathi. Isib. Ukuphazamiseka kobudlelwano obuhle phakathi kwamazwe angaphandle kanye nelakuleli. [50]

1.6.1 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Indandatho Yesithembiso. Nezinye izihloko ezihambisana nendandatho. [50]

1.6.2 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Imibhikisho Idla Lubi Ezikhungweni Zemfundo Ephakeme Zakuleli . Nezinye izihloko ezinembayo. [50]

1.6.3 Ohlolwayo makabukisise kahle isithombe bese enika indaba yakhe isihloko esihambisana nesithombe. Makungachazwa isithombe. Isib. sesihloko: Injabulo Engaba Nayo Mhla Ngethweswa Iminyezane Empilweni. Nezinye izihloko ezinembayo. [50]

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 50**

**INCWADI YOBUNGANI/ IKHARIKHULAMU VITHAYE (I-CV)/ INCWADI YOMSEBENZI/I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO/ UMBIKO OBEKELWE UMGOMO/I-INTHAVYU/INHLOLOKHONO**

**IRUBHRIKHI YOKUHLOLA UMBHALO OMUDE ODLULISA UMYALEZO ULIMI LWASEKHAYA [AMAMAKI ANGAMA-25]**

| Okungabonwa ngakho | Okungavamile | Okunekhono | Okusendimeni | Okuqalisayo | Akwanelisi |
|---|---|---|---|---|---|
| **OKUQUKETHWE, AMALUNGISELELO KANYE NEFOMATHI** | **13–15** | **10–12** | **7–9** | **4–6** | **0–3** |
| Impendulo kanye nemibono<br>Ukuhlela imibono ukuze kube namalungiselelo<br>Inhloso, izethameli, izakhiwo nezimiso kanye nesimo<br><br>**AMAMAKI AYI-15** | -Impendulo enembayo ngaphezu kobekulindelekile<br>-Amasu akhaliphile kanye nokuvuthwa komqondo<br>-Ulwazi olubanzi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umbhalo unamathele esihlokweni<br>-Amasu akhombisa ukuthelelana kanye nokulandelana<br>-Acacisa ngokusobala kanye nokusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile necacile | -Impendulo enhle kakhulu ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Namathele esihlokweni<br>-Akunamaphutha<br>-Ukulandelana kokuqukethwe nemibono, kuchazwe kahle futhi kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanele enamaphushana | -Impendulo esendimeni ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ayinamathele kahle esihlokweni – inamaphutha ambalwa<br>-Ukulandelana kwemibono okuqukethwe kufanelekile<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Ifomathi efanelekile kodwa kunamaphutha ambalwa | -Impendulo esezingeni eliyisisekelo ekhombisa ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Ukunamathela kuyabonakala kodwa kunamaphutha<br>-Ukulandelana kwamaphuzu okuqukethwe kubuye kungabonakali<br>-Ukuchaza okumbalwa kusekela isihloko<br>-Usebenzise ngokunganele imithetho yefomathi<br>-Kukhona okumbalwa okubalulekile | -Impendulo ikhombisa ukungabi nalo ulwazi lwezimpawu zohlobo lombhalo<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kunamaphutha amakhulu<br>-Imibono ayilandelani sanhlobo<br>-Ukuchaza okumbalwa okusekela isihloko<br>-Akasebenzisanga nhlobo imithetho yefomathi |
| **ULIMI, ISITAYELA KANYE NOKULUNGISA AMAPHUTHA** | **9–10** | **7–8** | **5–6** | **3–4** | **0–2** |
| Ithoni, irejista,isitayela, inhloso/umthelela, izethameli kanye nesimo<br>Ukusetshenziswa kolimi kanye nezimiso<br>Ukukhethwa kwamagama<br>Izimpawu zokuloba kanye nesipelingi<br><br>**AMAMAKI AYI-10** | Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle kakhulu nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle kakhulu<br>-Akunamaphutha sanhlobo | Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuhambisana kahle nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo lufanelekile futhi lwakheke kahle<br>-Ulwazimagama oluhle<br>-Akunamaphutha | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kuyahambisana nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kunamaphutha ambalwa<br>-Ulwazimagama olusendimeni<br>-Amaphutha awawuphazamisi umqondo | -Ithoni, irejista, isitayela, ulwazimagama kunokungahambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Uhlelo olungafanelekile olunamaphutha amaningi<br>-Ulwazimagama olunganele<br>-Umqondo ufiphele | -Ithoni, irejista, isitayela kanye nolwazimagama akuhambisani nenhloso, izethameli kanye nesimo<br>-Kugcwele amaphutha futhi kuyadida<br>-Ulwazimagama aluhambisani nenhloso<br>-Umqondo uyanhlanhlatha kakhulu |

**Amamaki azocazwa ngale ndlela:**

**Q= 15**
**L= 10**

## OKULINDELEKILE

### 2.1 INCWADI YOBUNGANI

- Iba nekheli elilodwa lobhalayo.
- Ikheli lihamba nosuku. (15 Ephreli 2016, 15 kuMbasa 2016)
- Isibingelelo asiveze ubuhlobo noma umgagule ngegama isibonelo: Kanina/Dadewethu/Mfowethu/Nomfundo/Mfundo.
- Isingeniso siba sifushane. Asikhombise ubuhlobo obukhona phakathi kwabo.
- Umzimba- umayelana nokukhuthaza ukanina wakho ukuba angadikibali, hleze isigwebo siguquke emva kokubuyekezwa kwecala.
- Isiphetho -kumele ohlowayo avalelise, umethembise ukuba nizomsekela kukho konke adinga usizo ngakho.
- Valelisa ukhombise ubuhlobo isib. Yimina ukanina/udadewenu/umfowenu
- Asifakwa isibongo isibonelo: uPhilisile/uPhilani

### 2.2 IKHARIKHULAMU VITHAYE (I-CV) KANYE NENCWADI EHAMBISANA NAYO

- Iba nesihloko isib. Ikharikhulamu Vithaye kaNokubonga Nokukhanya Bhengu.
- Zethule kahle zibekwa nje
- Ulwazi olwethulayo ngawe kumele lucace, lushaye emhlolweni.
- Yisho okuthile okwenza ufaneleke kulowo msebenzi owufunayo

Sebenzisa lezi zihlokwana ezilandelayo:

A. Imininingwane Emayelana Nawe.
B. Ezemfundo:
   (i) Durban University of Technology- Diploma in Human Resource Management

   ✓ Human Resource Modules
   ✓ Course in Human Resource Hiring Practices
   ✓ Course in Labour Relations Management
   ✓ Course in Managing Training and Development
C. Ulwazi Lomsebenzi
   ✓ Ukusebenza njengevolontiya e-DUT emNyangweni wokwamukelwa kwabafundi.
   ✓ Ukusebenza kuMasipala ukuthuthukisa amakhono entsha.

D. Amagama Abantu Abangafakaza Ngawe.

QAPHELA: Ohlolwayo makabhale i-CV ehambisana nencwadi ebhalwe ephepheni lokuhlolwa.

## 2.3 INCWADI YOMSEBENZI

- Iba namakheli amabili. Elobhalayo kanye nalelo lobhalelwayo.
- Ikheli lokuqala liba nosuku. (02 kuNdasa 2016, 02 Mashi 2016)
- Ikheli lesibili liqalisa ngokubhala isikhundla salowo obhalelwayo. Isibonelo:Sihlalo
- Obhalelwayo makabingelelwe sakukhuluma. **Isib.** Mnumzane/Nkosazane/Nkosikazi
- Isihloko obhala ngaso. Incwadi Yesikhalazo Mayelana Nendlela Okuthuthwa Ngayo Abafundi
- Incwadi ayibe nesingeniso: Akuvele ukuthi isikhalazo simayelana nani.
- Umzimba: Nikeza imiphumela engemihle eniyibonayo ngenxa yokuthuthwa kwezingane ngale ndlela
- Isiphetho: Veza izincomo ezizolekelela ukuthi ukuthuthwa kwezingane kuhambe ngendlela efanele
- Valelisa ukhombise ukuzithoba. **Isib.** Yimina ozithobayo
  uSithelo Zuma (Nkk./Nksz)

## 2.4 I-AJENDA NAMAMINITHI OMHLANGANO

- Bhala ngokufingqiwe uhla lwalokho okuzokhulunywa ngakho.
- Hlela uhla lwezihloko ze-ajenda ngale ndlela elandelayo:
- I-AJENDA YOMHLANGANO WOKWETHULA ISABELO SEZIMALI
  - Ukuvula
  - Ukwamukela/Amazwi kaSihlalo okwamukela
  - Uhla lwabantu ababekhona
  - Uhla lwabantu abaxolisile
  - Ukufundwa kwamaminithi omhlangano odlule
  - Ezivuka emaminithini
  - Ezosuku:
    (i) Isabelo zimali zesikole zonyaka olandelayo
    (ii) Iziphakamiso kanye nezinqumo
  - Ezingxube
  - Umhlangano olandelayo
  - Ukuvala
- Amaminithi abhalwa usebenzise inkathi edlule.
- Kusetshenziswa umuntu wesithathu.
- Khombisa lokhu :
  (i) Igama lesikole
  (ii) Usuku, indawo nesikhathi.
- Makulandelwe izihlokwana eziku-ajenda ngenhla.

**2.5 UMBIKO OBEKELWE UMGOMO**

- Isibonelo sesihloko: Umbiko Omayelana Nokubheduka Kwezifo Ngenxa Yesimo Esidla Lubi Endaweni
- Isingeniso/Inhloso/Isethulo: Umphakathi owakhele indawo yangakini unqume ukwakha isigungu esizokwenza ucwaningo mayelana nesomiso esesidale izifo eziningi endaweni.
- Ohlolwayo makabhale amaphuzu azoveza ukuthi ucwaningo lwenziwe kuphi/kobani futhi lwenziwe kanjani.
- Sebenzisa lokhu okulandelayo:
  - Inkathi edlule
  - Makusetshenziswe amagama kanye nemishwana efanelekile ehambisana nesimo okukhulunywa ngaso
  - Makusethenziswe ulimi olunezimiso, olungenabo ubungani
  - Umuntu wesithathu
  - Makunikezwe incazelo yocwaningo:
    - Izindlela zokuqoqa ulwazi
    - Ulwazi olutholakele
    - Isiphetho socwaningo
    - Iziphakamiso/Izincomo
- Isiphetho sombiko: makuvele ukuthi umbiko ubhalwe ngubani, usayinwe kanye nosuku.

**2.6 I-INTHAVYU/INHLOLOKHONO EBHALWAYO**

- Isihloko: I-inthavyu/inhlolokhono phakathi kuka … nesigungu emayelana nesicelo somsebenzi.
- Ohlolwayo makabhale isethulo( kukuphi, kunini, kumayelana nani, igama lakho kanye namagama abantu abasesigungwini)
- Ohlolwayo uyakhuthazwa ukubuza imibuzo ephusile, ihambisane nokumayelana nesikhala somsebenzi enkampanini yezobuchwepheshe.
- Ohlolwayo akabhale amagama ezikhulumi ngasesandleni sokunxele sekhasi.
- Ohlolwayo akeqe umugqa ukukhombisa isikhulumi esisha.
- Obuzayo: kuba imibuzo emfushane futhi enembayo.
- Ophendulayo: nguyena oxoxa kabanzi ephendula umbuzo nombuzo.
- Isiphetho: obebuzwa anganikezwa ithuba lokuba asho noma yini afisa ukuyisho noma abonge.

Akuvumelekile ukukopisha leli phepha